



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2014

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-21.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Leli phepha lineziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B: Amanoveli	(25)
ISIQEPHU C: Imidlalo	(25)
2. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.
3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.
4. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini A maziphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
5. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini B no C maziphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
6. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.
7. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
8. Uyelulekwa ukuba ubhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Shiya umugqa emuva kombuzo ngamunye.
11. Indlela yokusebenzisa isikhathi:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

OKUQUKETHWE

Phendula imibuzo **EMIHLANU** enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

Kulezi zinkondlo ezine ezibuziwe, phendula noma ngabe yiziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE**. Phendula **UMBUZO 5** noma **UMBUZO 6**.

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. Wawungazi	Umbuzo omude	10	5
NOMA			
2. Yekanini Ukungazi	Umbuzo omfushane	10	6
NOMA			
3. Ngaphansi Komthunzi	Umbuzo omfushane	10	7
NOMA			
4. Kwakungelula	Umbuzo omfushane	10	8
KANYE			
Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo OWODWA .			
5. Kwamfaz'ongemama	Umbuzo omude	10	9
NOMA			
6. Kwamfaz'ongemama	Umbuzo omfushane	10	10
ISIQEPHU B: AMANOVELI			
Phendula umbuzo OWODWA .			
7. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omude	25	11
NOMA			
8. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omfushane	25	11
NOMA			
9. <i>Usumenyazelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omude	25	13
NOMA			
10. <i>Usumenyazelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omfushane	25	13
NOMA			
11. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omude	25	14
NOMA			
12. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omfushane	25	15
ISIQEPHU C: IMIDLALO			
Phendula umbuzo OWODWA .			
13. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omude	25	17
NOMA			
14. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omfushane	25	17
NOMA			
15. <i>Auwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omude	25	19
NOMA			
16. <i>Auwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omfushane	25	19

QAPHELA: Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO

UMBUZO 1–4 Khetha noma yiziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

UMBUZO 5–6 Khetha **OWODWA** umbuzo.

UMBUZO 7–12 Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kuleyo noveli oyifundile.

UMBUZO 13–16 Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kulowo mdlalo owufundile.

QAPHELA: Esiqeshini B no C phendula umbuzo OWODWA **OMUDE** kanye nombuzo OWODWA **OMFUSHANE**.

Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.

Emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa leli thebula elilandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: Inkondlo (Engamiselwe)	5–6	1	
B: Inoveli (Omude NOMA Omfushane)	7–12	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA Omfushane)	13–16	1	

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**Izinkondlo ezimiselwe:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

WAWUNGAZI – BP Dlamini

- | | |
|----|-------------------------------|
| 1 | Yek' usazigqaja, |
| 2 | Uhamba laph' uthanda khona. |
| 3 | Utetemuk' uchiz' ukotshi. |
| 4 | Yek' ugqigqizel' ugqagqamuka, |
| 5 | Ugqamuka kuhle kwamalangabi, |
| 6 | Uhambela phezul' uzithwele, |
| 7 | Wadilika kuhle kobonda. |
| 8 | Baph' owawungumshungu abo? |
| 9 | Nibakhulu nakunoMdali, |
| 10 | Ngab' ukhon' ongangaye? |
| 11 | Namuhla ulothil' uluphele, |
| 12 | Uthithibel' okwenkukhu, |
| 13 | Uyothile wayetha, |
| 14 | Wathobel' umthetho. |
| 15 | Wawungaz' ukuthi koba nje, |
| 16 | Namuhla usothulini, |
| 17 | Ulothisiwe wathotshiswa. |
| 18 | Ufunde kanzima, |
| 19 | Wafunda ngokubona, |
| 20 | Yeka usagqagqamuka uzigqaja. |

Chaza ubuciko bembongi ekusebenziseni kwayo isigqi sale nkondlo ethi 'Wawungazi' ukugqamisa umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makuchazwe isigqi senkondlo.
- Makuchazwe ukuthi isigqi silekelela kanjani ukugqamisa umqondo wenkondlo.

[10]**NOMA**

UMBUZO 2: (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

YEKANINI UKUNGAZI – PB Vilakazi

- 1 Kweyam' impilo yokungazi,
 2 Ayequndekil' amehlo engaboni,
 3 Kuboph' ufasimbe lwenkung' emqondweni,
 4 Ngingaboni kuphuma nakushona kwelanga,
 5 Konke kuyinal' engenakunqamuka,
 6 Engenakushatshalaliswa nangamakloba
 7 Ahangul'izikhotha zibhincele nxanye,
 8 Zishintsh' imibala njengonwabu.
- 9 Kwakumnand' ukukhuluma ngokutetema,
 10 Ngibik' ubuthakathaka ngokufehla,
 11 Ngibik' indlala ngokudind'isililo,
 12 Konke kujoj' inhliziyi kamama,
 13 Angikhuselis' embelekweni ngijabule.
- 14 Kwakumnandi ngizikhomba ngizikhombile
 15 Izidingo ezazithokozisa mina ngedwa,
 16 Ngingenakumcabangel'omuny' umuntu
 17 Ngob'engabalulekile njengami.
- 18 Emadlelweni ngangelusa ngokuthanda,
 19 Ngibhushuzela ngemuva kwamathole,
 20 Konke ngikwenza ngokuthanda,
 21 Uma ngingathandi ngizigingqe phansi,
 22 Ngibik' umkhuhlane ongayindawo,
 23 Akhathazek' umama engaqondi.
- 24 Namuhla idamukil' inkungu,
 25 Umqondo wokuzenzisa uhambile,
 26 Unyamalale nobuncane bami,
 27 Ngisele nemigoqo engancengi,
 28 Engibondis' isijingi sokuxakeka,
 29 Ngibasadondolozele kuphuk' udondolo,
 30 Ukhakhayi lwephuz' ukuqina,
 31 Ngibamb' insimb'eshisayo ngezandla,
 32 Ngibhinc' izigege ezidilikayo,
 33 Yizona njalo izithelo zombuso.
- 34 Sekungikhanyele njengekhwezi lokusa,
 35 Ngemuva kokucimeza kokugcina kukamama,
 36 Ukuth' umhlaba uyakhulelwa,
 37 Angisenameluleki oyongiluleka njalo
 38 Nalapho sengibulawa ngukuzibusa,
 39 Zonk'izintaba zempilo ziqongile,

40 Amadolo ami asuth' amanzi,
 41 Sengathi lezi zinduku ziyangigojela.
 42 Ngiyophunyuka kanjani kulawa maketango
 43 Angixhakathi' izandla nezinyawo?
 44 Ngiyolwa kanjani ngingenazikhali?
 45 Wo! Akusenani nanxa zinginetha,
 46 Sengiyokwendlalel' izintuthwan' egodini.

- 2.1 Yikuphi okusesitanzeni SOKUQALA okukhombisa ukuthi imbongi yayingazi lutho? Nikeza OKUKODWA. (1)
- 2.2 Chaza umehluko oqukethwe umqondo wesitanza sesi-3 kanye nomqondo wesitanza sesi-5. (3)
- 2.3 Chaza ukuthi kusize ngani ukusetshenziswa kwe-enjambamenti etholakala esitanzeni sesi-6. (2)
- 2.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isimo sokukhuluma kumugqa wesi-8? (2)
- 2.5 Ngabe imibuzombumbulu etholakala kumugqa wama-43 kuya kumugqa wama-44 iwuthinta kanjani umoya wale nkondlo? (2)
- [10]**

NOMA

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGAPHANSI KOMTHUNZI – P Ngubo

1 Ungilondile ngalondeka ngathokoza,
 2 Ngahlala ngenaba ngamamfuza nganwampel' izangqondo,
 3 Izindebe zehla amafutha zaba bushelelezi,
 4 Iso labona nokungabonwa sangoma nampholofithi,
 5 Inggondo yaphakama yangangezulu,
 6 Yajula yathokoza ngahalalisa kuSomaqhinga,
 7 Ngayindab' ezweni ngingumuntu odlal' amakhubalo-
 8 Amakhubal' engawathol' enyangeni yakwaNgqondonkulu.
 9 Ngininik' uphaphelwendlondlo Sonane noMaMtimande omkhulu,
 10 Ngokunginika ithuba ngisike kwelinonile.
 11 Nginiphakamisa nobabili ngokungemulisa ngisik' insonyama.
 12 Lezi zenz' enangipha zona nanginghlomisa;
 13 Noma kunini ngithokoze! ukungadlali Ndiya naBhunu.
 14 Lesi sibani kasicimi nom' izivunguvungu zihlasela.

- 3.1 Shono okudalulwe enkodlweni okukhombisa ukuthi imbongi iphumule. (1)
- 3.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe umugqa wesi-3 ukuya kowesi-5. (3)

- 3.3 Kungabe ukukhethwa kwamagama adwetshelwe emgqeni wesi-9 kuwuthinta kanjani umoya wale nkondlo? (2)
- 3.4 Ngokucabanga kwakho iqondeni imbongi ngamazwi ewasebenzise emgqeni we-12? (2)
- 3.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni isimo sokukhuluma esiyihaba emgqeni wesi-5. (2)
- [10]**

NOMA

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

KWAKUNGELULA – N Kheswa

- 1 Lapho kwakudingeka mina nodokotela
 2 Ngingavumelekile ukungena nasihlobo
 3 Ngangiqhaqhazela-nokho yize uvalo.
 4 Ngangibuye ngizisole kulapho ngangifuthelwa;
 5 Izilonda zazimincike wonke umzimba.
 6 Babekhona ababeseduze kwami
 7 Kodwa bengezile ngalobu bunzima:
 8 KWAKUNGELULA.
- 9 Ngangiqhutshwa ngenqola umhlengikazi
 10 Ngilengisile isigujana samanzi angena ngemithambo
 11 Ngiyaluzwa uvalo oludabula izibili
 12 Nezilonda ziyankenketha ngaphansi kwamashidi.
 13 Isandla sokudla asisasebenzi
 14 Akulula, ngilindele ezinhle nezimbi
 15 Kungenzeka ukuthi kule nqola sengihleli unomphelo
 16 Nesizathu sokuthi ngitshelwe kangisiboni
 17 Kakade ikhambi bayalilandula-
 18 KWAKUNGELULA.
- 19 Ngilinde nje imishini yemicabango ilokhu igayile
 20 Ngabe lo owasithela kimi wayazi?
 21 Qha kungenzeka ngimsulwa.
 22 Uma ngingemsulwa-ke?
 23 Umndeni wami ngiyowazisa kanjani?
 24 Abatholakala benakho abasuke boneni?
 25 Kungenzeke kimi ngoba nginjani?
 26 IMPELA KWAKUNGELULA.
- 27 Wavela udokotela lapho siqala sibuya isibindi
 28 Kwakuthi angithi akame umhlengikazi
 29 Shwi! Inqola egumbini
 30 Cha kunzima namhlanje;

- | | |
|----|--|
| 31 | Uhlale engibonela embhedeni |
| 32 | Namhlanje kufanele sibe sobabili |
| 33 | Ifayela selisesandleni sakhe |
| 34 | Kwasengathi kukhona oshaya ikhanda ngepiki |
| 35 | Lawo mazwi alihlahlela lanqamuka phakathi. |
| 36 | Ngaphaphama sengikwelinye ikamelo- |
| 37 | WO, KWAKUNGELULA! |

- 4.1 Sizathu sini esasibangela ukuthi imbongi ibe yodwa uma iyobonana nodokotela? (1)
- 4.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe isitanza sesi-3. (3)
- 4.3 Ngabe umfanekisomqondo otholakala emgqeni wama-29 uyithinta kanjani indikimba yale nkondlo? (2)
- 4.4 Imbongi ihloseni ngokusebenzisa impindwa kuzo zonke izitanza zale nkondlo? (2)
- 4.5 Ngabe imbongi ikwazile yini ukusebenzisa imvumelwano siqalo esemgqeni we-10 kanye nowe-11 ukugqamisa umqondo walesi stanza? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

KANYE

UMBUZO 5 (UMBUZO OMUDE)

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)

Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. Umbuzo wesi-5 (omude) noma umbuzo wesi-6 (omfushane).

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

KWAMFAZ'ONGEMAMA – JJ Thwala no EJ Mhlanga

- | | |
|----|---------------------------------|
| 1 | Awuthunyelwa gundane |
| 2 | Ngidele konke ngayokwenda, |
| 3 | Ngidel' khaya likababa, |
| 4 | Ngadel' izihlobo nabangani, |
| 5 | Ngadela nezinkalo zakithi, |
| 6 | Uze ungilonde <u>Mveli</u> |
| 7 | Kwamfaz' ongemama. |
| 8 | Namuhla ngiqombol' izintaba, |
| 9 | Ngilibangise kwamfaz' ongemama. |
| 10 | Noma ngibangwa nezibi, |
| 11 | Liyophuma lithi |
| 12 | Ngiyatefa ngiyazenzisa, |
| 13 | Uze ungicine <u>Menzi</u> |
| 14 | Lapho kwanhliziyo ngise. |

- | | |
|----|--|
| 15 | Noma ngingayisisulu sikamamezala, |
| 16 | Noma angangicakafula angichaphe |
| 17 | Ngelumelayo yodwa, |
| 18 | Ngiyobekezela ngizithobe. |
| 19 | Mntanomuntu ngibekezele, |
| 20 | Ngigcine yonk' eyasemendweni. |
| 21 | Uz' ube yisihlangu sami <u>Baba</u> , |
| 22 | Lapho kwamfaz' ongemama. |
| 23 | Konke kwenzeka samlingo, |
| 24 | Nokho lolu thando luyithumbil' eyami, |
| 25 | Lolu thando lungishay'indali emajukujukwini, |
| 26 | Ngiyazesaba ezakho izehlo. |
| 27 | Nokho akusenani |
| 28 | Sengobekezela ngizithobe, |
| 29 | Kwamfaz' ongemama. |

Chaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kulekelele kanjani ekugqamiseni indikimba yale nkondlo ethi 'Kwamfaz'ongemama'.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makuchazwe ukukhethwa kwamagama.
- Makuchazwe ukuthi lawo magama akhethiwe alekelele kanjani ekugqamiseni indikimba yale nkondlo.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240. [10]

NOMA

UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)

Phinda ufundisise inkondlo esembuzweni wesi-5 ekhasini le-11 'Kwamfaz'ongemama', bese uphendula imibuzo elandelayo.

- 6.1 Sizathu sini esitholakala esitanzeni SOKUQALA esenza imbongi idele konke? (1)
- 6.2 Chaza kafushane ukuthi kungani imbongi isebenzise ukuxhumana emgqeni wesi-2 kuya kowe-5. (3)
- 6.3 Ngabe amagama adwetshelwe enkondlweni emugqeni wesi-6, we-13 nowama-21 aveza imbongi njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.4 Kungabe isimo sokukhuluma esisetshenzisiwe emgqeni we-10 sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi sitanza? (2)
- 6.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni impindwa kule nkondlo. (2)
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 7 (UMBUZO OMUDE)**BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Hlolisisa ukuthi isizinda sinabudlelwane buni nendikimba yale noveli ethi *Bengithi Lizokuna*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Indawo
- Isikhathi
- Isimo senhlalo
- Ukuchaza ukuthi isizinda sinabudlelwane buni nendikimba yale noveli

[25]**NOMA****UMBUZO 8 (UMBUZO OMFUSHANE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Bavalelisana nje kuchichima injabulo kuNgidi. Injabulo yamenza waqonda emnyango, waphumela ephaseji, nanguyana eseyongqongqoza ekamelweni lezivakashi okulele kulo uNontobeko.

'Nontobeko, vula, yimina ndodakazi,' esho ehefuzela.

'Ok, baba, ngiyeza,' kusho izwi elikhathele ngale, lizwakala ukuthi lizibanjelwe ubuthongo. Emva komzuzwana kwezwakala izigi ezithambile zisondela, kwavuleka isicabha, kwavela lobo buso bukaNontobeko obabuqhakaza ngisho ngabe buvuka ebuthongweni.

'Ngiyaxolisa mntanami,' esho engena uNgidi, 'bengingeke ngikwazi ukulala emva kokuzwa lezi zindaba.'

'Zindaba zini lezo?'

'Kade kushaye uShezi. Uthi kuyathembisa, kukhona umkhondo awulandelayo. Sizomthola uMhlengi.'

'Ngempela baba?' ebuza emangala, bubalela ubuso bakhe, buba buhle ngokunye.

Kwacaca ukuthi bajabule bobabili abantu laba.

'Awu, waze wakude- ke umhlomunye lowo okuthiwa kasiwulinde,' kuzikhalela uNontobeko.

'Siyandiza isikhathi mntanami. Ngokushesha nje uzofika umhlomunye sizwe ukuthi undawanaphi uMhlengi, siye kuye, sixoxe sibonisane, sithelelane amanzi.'

'Awu, sengathi kungaba njalo bakithi,' sekufika umunyu futhi kuNontobeko, esecabanga usizi nomunyu asedlule kukho ngenxa yokuthanda uMhlengi.

'Kuzoba njalo Nontobeko,' kusho uNgidi elula isandla eyibamba intokazi.
 'Kuzoba njalo Nontobeko,' kusho uNgidi elula isandla eyibamba intokazi ayesangakungabazi ukuthi imthanda ngempela uMhlengi nokuthi ingaba ngumakoti onesizotha ofanele ukubizwa ngomakoti wakwaNgidi.
 'Ngiyezwa baba, ngiyabonga ukuthi ungivusele izindaba ezimnandi kangaka. Liyakhula ithemba lokuthi azofezeka amaphupho, nanxa lingayeki phela ixhala lokuthi ...' Abindeke, kubuye wona futhi umunyu.
 'Hhayi, khohlwa ixhala. Uzotholakala uMhlengi,' esho ngokuzethemba, ethi ukuhleka, embambatha uNontobeko ehloambe, 'okufanele ukwenze nje wena ngukuphumula ngokwanele, ngifuna indodana yami ikubone u-*fresh and beautiful*,' esho egegetheka kakhulu. Ahleke bandla noNontobeko, bavalelisane ngalo uhleko olwaluwubufakazi bokuncipha kancane kancane komthwalo owawusalokhu ubahleli emahlombe.

- 8.1 Yiziphi lezi zindaba ezijabulisayo ezenza ukuba uNgidi ehluleke ukulala engakazitsheli uNontobeko? (2)
- 8.2 Shono ukuthi wawudalwa yini umunyu kuNontobeko. (2)
- 8.3 Chaza kafushane ngomyalezo oqukethwe yilesi siqeshana. (3)
- 8.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu kule noveli. (3)
- 8.5 Ucabanga ukuthi isenzo sikaNgidi sokumbambatha uNontobeko ehloambe simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.6 Ucabanga ukuthi yikuphi okwakungenziwa umlingiswa onguNkululeko kunokuba azibulale ngoba aliwe uNontobeko? (3)
- 8.7 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (4)
- 8.8 Uyavumelana yini nesenzo somlingiswa onguNgidi sokufihlela uNontobeko amaqiniso okuthi uMhlengi uyi-gay? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.9 Phawula ngempumelelo yombhali ekusethuleleni uvuthondaba kule noveli. (3)

[25]**NOMA**

UMBUZO 9 (UMBUZO OMUDE)**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Hlolisisa ukuthi isizinda sinabudlelwane buni nendikimba yale noveli ethi *Usumenyezwe-ke umcebo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Indawo
- Isikhathi
- Isimo senhlalo
- Ukuchaza ukuthi isizinda sinabudlelwane buni nendikimba yale noveli

[25]**NOMA****UMBUZO 10 (UMBUZO OMFUSHANE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Ngiyabonga ntombi. Angisezukuchitha sikhathi. Sengizofika edolobheni eBergville ngiqale ngokumshayela ucingo uNomvula ngimazise ngokuthi unina useshonile. Ngiyazi luyothi luqambe lufika kuye olwencwadi unina uyobe ebanda kudala.'

Besabongana ngemfalakahlana, bethuka inkosikazi thize ikhuleka isisemnyango. 'Yimi bo uMaSikhakhane.' Ingamunwe, iyinde ilaphaya, ishaye isiketi esimnyama nebhantshi ijibhakhothi ensundu efana nebherethi ekhanda, nezicathulo ezimnyama, yema ibabuka ngamehlo amakhulu. UMaNkwanyana wayikhombisa ibhentshi, yahlala igone isikhwama, unxangisuka. Esikhundleni sokuba bayibingelele, bayobayoba.

'Sanibonani bo endlini,' uMaSikhakhane ebabingelela emoyizela ngendilinga yobuso obunezihlathi ezithanda ukugazuka. Bavuma, babuzana impilo. Wathula uMaSikhakhane ebanika ithuba lokuba baqedele ezabo.

'Kwenzenjani namhlanje savakashelwa wuwena singasakwazi?' kubuza uMaNkwanyana enamahlonyana.

'O, hhe, mntanomuntu, wukhulupheka,' esho ebuka ibhodlelana likashevu namarandi ayelele etafuleni. 'Nami ngisuswa ingane nje ekhishwa isisu.' Wawabeka akawasusa ebhodleni lediphu. 'Sengithi angize kuwe ngizozikhalela ngoshe ... nx!' ezishaya isiphongo. 'Sengithini? Sekuduma ushevu ekhanda. Angisazi nokuthi ubani lona engimuzwe ephatha ekashevu.'

UMaHadebe noMaNkwanyana beswela umgodi. Wabahleka usulu uMaSikhakhane. Wayesekade efikile lapha, wabezwa beyidingida le mfumbe yabo. Wayengasheshanga ukungena esaba ukubathela ngamahloni.

'Anisazananga nokwazana dade bantakwethu,' kusho uMaNkwanyana edonsa umoya enambitha nobala. 'Lona-ke MaSikhakhane wuMaHadebe waseBhe ... Bhethane owendele kwaMazibuko.' Wamethula noMaSikhakhane owayendele kwaMdluli eThinomsi.

'Hhayi-ke, siyathokoza nathi ukukubona MaHadebe. Nathi size sisizwe wuye uMaNkwanyana lona sekumnyama amehlo sigulelwa yizingane. Awusibheki isisu owakhe ushevu, nx!, ngingathi njalo umuthi.' Wazishaya isiphongo futhi.

- 10.1 Yisho isizathu esasibangela ukuba umlingiswa onguMaHadebe avakashele uMaNkwanyana. (2)
- 10.2 Shono ukuthi wayezokwenzani uMaHadebe uma efika edolobheni eBergville ngokwalesi siqeshana. (2)
- 10.3 Chaza kafushane ngomyalezo oquketshwe yilesi siqeshana. (3)
- 10.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu kule noveli. (3)
- 10.5 Ucabanga ukuthi isenzo sikaMaSikhakhane sokuphahluka elokhu ekhuluma ngoshevu esikhundleni somuthi, simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 10.6 Ucabanga ukuthi yini okwakumele kwenziwe umlingiswa onguNomvula ukuze aziphaphise kubo bonke abantu ababefuna ukumqola imali yakhe? (3)
- 10.7 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? (4)
- 10.8 Uyavumelana yini nesenzo somlingiswa onguMaSikhakhane sokuthumela intombazane kuMaNdelu? Sekela impendulo yakho. (2)
- 10.9 Phawula ngempumelelo yombhali ekusethuleleni uvuthondaba kule noveli. (3)

[25]**NOMA****UMBUZO 11 (UMBUZO OMUDE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Hlolisisa ukuthi isizinda sinabudlelwane buni nendikimba yale noveli ethi *Kunjalo-ke*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Indawo
- Isikhathi
- Isimo senhlalo
- Ukuchaza ukuthi isizinda sinabudlelwane buni nendikimba yale noveli

[25]**NOMA**

UMBUZO 12 (UMBUZO OMFUSHANE)**KUNJALO-KE – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Lesi sitolo siyayenza phela imali; siyenza ngempela. Ngisuka kude kabi naso. Ngempela bekufanele uSithole abonge kumina njengoba enzile nje. Lesi sitolo sesikhule sadlondlobala kangaka nje kungenxa yami. Ngangiyiwozawoza kazibuthe ezinsizweni. Zazifika zidedelana zizozithengisa ugwayi nokunye, kanti zaziqonde ukuzozibika kimina. Impahla esitolo yayihamba ubuthaphuthaphu, uSithole alale ebomvu. Futhi mina nganginekhono elihle lokuxoxisana nabathengi. Ngamakhela phela uSithole umsebenzi wakhe.

Kuzofanela ngihlele nephoyisa uMkhize ukuze angaphazamisi uma sengenza izinto zami. Imali engiyoyithola ngaleli cebo lami ngiyothengela ubaba umhlahlavana wemoto, esalayo ngivule ngayo isaluni. INkosi isiyongixolela bandla, imali ngiyayidinga. Okumnandi-ke wukuthi uSithole ngeke yena ashone kumbe alahlekelwe yilutho ngoba umshuwalense uyokhokha.'

Langalimbe kwenzeka ukuba impesheni iqondane noLwesihlanu lokuphela kwenyanga. USithole wayexakeke ngendlela yokuthi wayengakwazi ukunyakaza esitolo. Nangakusasa ngoMgqibelo kwakuseyiso sona lesi; abantu kunyamfuka bezothenga, abanye bezokhokha izikweletu zabo.

Wayengakhohliwe uSithole ukuthi kwakufanele aye kokhokhela isitifiketi somshuwalense wesitolo ebhange. Wayenesibopho sokuwukhokhela lo mshuwalense njalo ekupheleni kwenyanga kumbe ngaphambi kokuba iphele. Waziduduza-ke ngokuthi useyoze aye ebhange ngoLwesibili zizine enyangeni elandelayo njengoba kuyobe kuyiholide ngoMsombuluko.

Entathakusa yangoLwesibili, uSithole wathola ucingo esalele. Lwaluvela kumuntu mumbe ongazishongo igama, luthi akaphuthume esitolo kukhona umonakalo owenzekile. Nempela wavuka, wagqoka, wadumisa imoto, yasuka seyiphikelele khona. Wathi eqhamuka, wakhanga yizicimamlilo seziqedela ukucisha lokho okwakusalokolokoza. Isitolo sona sasesishe sangqongqa, sekusele nje amagebedu ezindonga. USithole wasangana ukusangana.

- 12.1 Yiziphi izizathu ezenza isitolo sikaSithole sidlondlobale ngokwalesi siqeshana? (2)
- 12.2 Shono ukuthi kungani umlingiswa onguDumazile enza isu lokushisa isitolo sikaSithole ngokwalesi siqeshana. (2)
- 12.3 Chaza kafushane ngomyalezo oquketshwe yilesi siqeshana. (3)
- 12.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu kule noveli. (3)
- 12.5 Ucabanga ukuthi isenzo sikaMthovovo sokuhlangana noDumazile ukuze kushiswe isitolo sikaSithole simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

- 12.6 Ucabanga ukuthi yini okwakumele kwenziwe abafundi baseZenzele ukuxazulula inkinga yokuxoshwa kwamantombazane akhulelwe esikhathini samanje? Sekela impendulo yakho. (3)
- 12.7 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe sinamthelela muni esenzweni sikaDumazile kulesi siqeshana? (4)
- 12.8 Uyavumelana yini nesenzo somlingiswa onguMaNdovela sokuphathela uDumazile ingane yakhe uLerato ukuze ayosebenza esitolo sikaSithole? Sekela impendulo yakho. (2)
- 12.9 Phawula ngempumelelo yombhali ekusethuleleni uvuthondaba kule noveli. (3)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 13 (UMBUZO OMUDE)**KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Hlaziya udweshu kulo mdlalo othi *Kudela owaziyo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngodweshu olukhulisa umdlalo.

[25]**NOMA****UMBUZO 14 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

CHIVENGA: (*usikhuluma ubukwerekwere isiZulu*) Woza nendaba wena MaHlengi mina ngize nendlebe. Kwase?

HLENGIWE: Sekuze kwayiziwombe ezintathu ngilokhu ngiqgigqa indaba yaleli pasi kuleli hhovisi engilishoyo kodwa libuya linamaphutha okubhalwa kwamagama kumbe kwesibongo ngendlela engesiyona. Lokhu-ke kuthiwa kungangidalela izinkinga zokugodlwa kwamalungelo ami athile uma ngabe iphutha lelo noma amaphutha anjengalawo engalungiswa kusenesikhathi.

CHIVENGA: (*usikhuluma ubukwerekwere isiZulu*) Bebe bekhuluma iqiniso futhi uma ngabe bebeka kanjalo. Ekuhlaziyeni amazwi akho mina ngifumanisa ukuthi wena ungumuntu wezinhlanhla, nakhu njalo wethenjiswa umsebenzi weqophelo eliphezulu kangaka, kodwa futhi kuyo leyo nhlanhla onayo kukhona neshwa elikulandelayo lokonakalelwa yipasi elidunga inhlanhla ...

HLENGIWE: Impela kunjalo mkhaya, nami futhi izinto ngizibuka ngalelo so nangalowo mqondo.

CHIVENGA: (*usikhuluma ubukwerekwere isiZulu*) Angiqonde khona ukukuphazamisa nkosazane usephezu kwencazelo. Ukuthi bengiphawula nje (*kuthuleke*). Tshela mina-ke wena: eyepasi lakho leli iqhubeka kanjani? Ngabe ligcina seliqukethe imininingwane ebhaleke kahle nje?

HLENGIWE: Ndawo! Hheyi! Uzozwa umhlola wena. Ingani muva nje selibuya namagama ami ebhaleke kahle kodwa inkinga esikhona manje isekutheni libuya nesibongo sakho, kuvela nokuthi ngishadele kuso futhi lesi sibongo sakini. Angazi ukuthi isho ukuthini yonke le nto.

CHIVENGA: (*usikhuluma ubukwerekwere isiZulu, uthakasile*) Phela izibonakaliso nezehla ezinjengalezo zisho enkulu inhlanhla lena kimina kanti futhi nakuwe incazelo yale nto isekutheni ithongo lakho likuthandile lakusondeza kumina obevele nje kwasekuqaleni enothando oluchichimayo. Owami umbono uthi nje ungabe usaliguqula lutho wena kulokho osekubhaliwe kamuva ngoba mhlawumbe okwedlula lapho selingaze ligcine selibuya namaphutha angabekezeleleleki. Wena vuma ukuba sishade ukuze ugweme izinkinga osengaphinde ubhekane nazo epasini lakho. Futhi-ke mina ngiyokulobola sengathi ngithenga ibhayi uma uke wavuma ukuba singene esivumelwaneni somshado.

- 14.1 Sizathu sini esenza ukuthi uHlengiwe aphaatheke kabi emoyeni kulesi siqeshana? (2)
- 14.2 Shono ukuthi iyiphi inkinga uHlengiwe angahlangabezana nayo uma amaphutha atholakala epasini lakhe engalungiswa. (2)
- 14.3 Chaza kafushane ngezenzo zikaChivenga ezazibangela ukuthi uHlengiwe amethembe aze amxoxele ngendaba yepasi. (3)
- 14.4 Chaza kafushane ngenhloso yombhali yokusethulela le nkulumompendulwano ephakathi kukaChivenga noHlengiwe kulesi siqeshana. (3)
- 14.5 Ngokucabanga kwakho kungani zandile izigigaba zokushadiswa kwamantombazane akuleli engazi nabantu bokufika? (3)
- 14.6 Ngabe ucabanga ukuthi yikuphi okwakumele kwenziwe umlingiswa ongu Mdaluli okwakungavimbela ukuthi angabi nodlame kubantu bokufika nasemndenini? (3)
- 14.7 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (4)
- 14.8 Uyavumelana yini nomlingiswa onguZenyezile uma ethi uma kushona uMdaluli uLondiwe ozobheka ikhaya? Sekela impendulo yakho. (2)
- 14.9 Ngabe uyagculiseka yini ngendlela umbhali aphephe ngayo lo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

[25]**NOMA**

UMBUZO 15 (UMBUZO OMUDE)**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Hlaziya udweshu kulo mdlalo othi *Awuwelwa Umngeni*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngodweshu olukhulisa umdlalo.

[25]**NOMA****UMBUZO 16 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

SALIMANI: Mfowethu, Gundane thatha nangu umancishana uphuzise abafowethu.

GUNDANE: *(aphakame qede akhuleke bese ewelela esililini somfowabo. Uzubukula imbenge, uthatha isikhetho uyabugovuzwa utshwala. Uthatha ubuthi qede unikeza uSalimani.)*

SALIMANI: *(uthatha amathamo amabili qede alubuyisele kuGundane ukhamba.)*

GUNDANE: *(uthatha ukhamba uphuzisa abafowabo qede abese elubuyisela ngaphesheya kuSalimani.)*

NOMEHLO: Singqunga! Singqwatha! *(Engena eyohlala enhla nomsele.)*

SALIMANI: Beka khona lapho kumfowethu wakwaNtuthu.

GUNDANE: *(abuyele emuva nalo ukhamba alubeke phambi kukaNodwengu.)*

SALIMANI: Umfowethu wakwaVimbingwenya noMphiliphili abakabonakali?

NOMEHLO: Bebengakabonakali wena kaMashwilansimbi.

SALIMANI: Bafowethu nawe nduna yami, mfo kaMgingqika, usuku lwakusasa usuku olukhulu kakhulu emlandweni walesi sizwe sikaBaba. Nizibonele nani kuthangi ukuthi lumi kanjani ugibe olucushwe nguSomtsewu nezijwana zakhe. *(Ubuso bungcole.)*

NODWNGU: Wakubeka kwasobala bha ukuthi lukhulu baluqondile.

SALIMANI: Ngenxa yokubabucayi kwalolu daba kubaluleke kakhulu ukuba amalungiselelo osuku lwakusasa enziwe ngokucophelela okukhulu kakhulu. Njengoba ngishilo izolo kule mbizokazi kungagqabuka igoda phakathi kobuhlobo bami noHulumeni.

ABAFOWABO: Kunjalo Ngwazi.

SALIMANI: Ngingathanda ukuba nanxa kungeyona inqubo yethu sibayeke abelungu laba uma umhlangano lona befuna siwuqhube ngendlela yabo yakubo. Kodwa ngokwami yimbizo lena. Sikhova, mdidiyeli wamabutho ami, amabutho akho kumele aphelele ngothi lwawo-ke njengoba sengisikhiphile isimemezelo. Ngumthwalo osemahlombe akho-ke lowo ukuba uwahlele ngononina avive njengokobudala bawo. Ezinsizweni kuqale uPhelitshe kuye eZinyathini. Ezintombini babekhona uMbakabaka neMbabhe.

SIKHOVA: Ngwazi!

SALIMANI: Kuyodingeka onke amabutho ahlobe ngezembatho zezigaba zawo nangokwelamana kwawo.

SIKHOVA: Ngwazi!

SALIMANI: Kubaluleke kakhulu ukuba sonke isizwe sikababa sipelele sonke ngothi lwaso. Kubaluleke ukwedlula ukwenza ukuba amabutho azibonele, azizwele ngokwawo. Angezwa ngokutshelwa. Yiwona okukuwona iningi labantu abasha okuyibona zindlalifa zaleli zwe zangomuso. Nginamanga yini bafowethu?

ABAFOWABO: Phinde wena kaManyosi!

MCANJANA: Kubaluleke ukwedlula ukwenza ukuba uSomtsewu azibonele yena ukuthukuthela kwabantu ngokungeneliswa kwabo ukwephucwa ilungelo labo bagingqwe babhekiswe lena kuyasa babhekiswa lena bengensema.

MBONGOLO: Lisho uliphinde lelo mfowethu.

SALIMANI: Kumele uSomtsewu ngimphoqe ukuba avume kube abantu abazikhethelayo phakathi kokusuka nokungasuki babuyiselwe phesheya koMngeni. Kunesu-ke esengilithungile eliyobakhethisa kalula abantu bami.

ABAFOWABO: (*bambheke sakuthuka.*)

- 16.1 Shono ukuthi umlingiswa uSikhova ongumdidiyeli wamabutho enkosi uSalimani wayalelwa ukuba enzeni. (2)
- 16.2 Sizathu sini esasibangela ukuthi uMphiliphili angabonakali kulo mhlango oawubizwe inkosi uSalimani? (2)
- 16.3 Chaza kafushane ngokwenziwayo uma kuphuzwa utshwala okuyinkolelo yesintu okudalulwe kulesi siqeshana. (3)

- 16.4 Chaza kafushane ngenhloso yombhali yokusethulela le nkulumompendulwano phakathi kwenkosi uSalimani kanye nabafowabo. (3)
- 16.5 Ucabanga ukuthi kwakuyoba namphumela muni ukuba inkosi uSalimani ayizange ivumele amabutho kanye nesizwe babe yingxenywe yezingxoxo zokuphucwa kwayo umhlaba? Sekela impendulo yakho. (3)
- 16.6 Ucabanga ukuthi yikuphi okwakumele kwenziwe umlingiswa uZithulele ongundabazabantu okwakungavimbela ukuba kungabi nengxabano phakathi kwabantu bakaSalimani nabantu babelungu bamapulazi? (3)
- 16.7 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (4)
- 16.8 Uyavumelana yini nesenzo somlingiswa onguZithulele ongumlomo kaSomtsewu sokusebenzisa abelungu bamapulazi ekuzameni ukuphuca inkosi uSalimani umhlaba wayo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 16.9 Ngabe uyagculiseka yini indlela umbhali aphethe ngayo umdlalo wakhe? Sekela impendulo yakho. (3)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
AMAMAKI ESEWONKE: 80